health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# Umntwana uNhlanganiso Zulu Unxuse Umphakathi Wasedumbe Ukuba Unakekele Impilo Yawo Ngenkathi Kunemashi Yomphakathi Kanye Nokwethulwa Ngokusemthethweni Komkhankaso "Isibaya Samadoda" Endaweni Yasetholakele



*HRH Prince Nlhanganiso Zulu with CEO for eDumbe CHC Dr. Ndlovu chats with young adolescents males at eDumbe CHC before the gatherings.*




*6 months to kick TB photo with HRH Prince Nhlanganiso Zulu, Deputy Directors for MMC & HIV prevention Mr Sibusiso Gasa and Petra Zama together with district Program managers and eDumbe CHC management and Partners.*

## ZIGADE, ZIVIKELE, ZIHLONIPHE, SOKA

*FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE*

Endaweni yaseDumbe, izinyane lembube uMntwana uNhlanganiso Zulu unxuse amadoda akule ndawo ukuba aye emitholampilo yendawo ayohlolelwa iSandulelangculazi neSifo Sofuba (TB) kanye nokuyosokwa. Izinyane lembube likusho lokhu ngenkathi kusingethwe izingxoxo zomphakathi ezazigxile emadodeni esigodini saseTholakele endaweni yaseDumbe ngoLwesihlanu mhla ziyi-14 kuNtulikazi kowezi-2017. UMntwana ukhuthaze amadoda ukuba aye kosokwa ngoba kuyasiza kakhulu ngokwezempilo kubantu besilisa kanjalo nakwebesifazane. Uye wagcizelela kakhulu kwabesilisa lokho okuhle ngokusoka. “Ukusoka kwenza uhlanzeke futhi kunciphisa amathuba okuthola izifo ezithathelana ngokocansi kanti futhi kunciphisa amathuba okuba umlingani wakho angenwe umdlavuza wesibeletho,” kubeka izinyane lembube.

UMntwana uye waxoxela amadoda ukuthi uke wahlala cishe unyaka wonke esibhedlela ephethwe yiSifo Sofuba, okuyisifo esibulalayo kodwa eselaphekayo, ube esenxusa amadoda ukuba athathe isinqumo ahambe aye emitholampilo ayohlolelwa zonke lezi zifo.

Ihholo laseThokoza laligcwele lithe phama amadoda, intsha kanye nobuholi bomdabu nobezepolitiki okungabendawo yaseTholakele. Inkosi Dlamini wabonga izinyane lembube ngokuzinikela kwalo ekulweni nezinkinga ezikhungethe umphakathi kanye nokuba yifolosi emkhankasweni wokuqwashisa amadoda ngokuzihlonipha nangezempilo. Lo mbuthano wabe wethanyelwe iningi lamadoda endawo nabaphathi besikhungo sezempilo somphakathi (CHC) saseDumbe ngokunjalo nezimenenja zamahhovisi ezifunda abhekelele ezempilo. Izinyane lembube liye lahola le mashi yokugqugquzela amadoda ukuba alwiswane nodlame kanye nezinkinga ezikhungethe umphakathi.

UDkt. Ndlovu, Oyisikhulu Esiphezulu (CEO) sesikhungo sezempilo somphakathi saseDumbe uye wabonga wanconcoza kuMntwana nakumaSekela Abaqondisi abhekelele uhlelo loKusokwa Kwabesilisa Ezikhungweni Zezempilo kanye nokuvikela iSandulelangculazi, okunguMnu. Sibusiso Gasa noNk. Petra Zama, ngokuzokwethamela umbuthano kanjalo nokuhlale beleseka ihhovisi elingaphansi kwesifunda. Seluphothuliwe uhlelo, amadoda abe esehlolelwa izifo ezahlukahlukene anikezwa namabhukwana kumbe amapheshana afundisa ngezempilo kanye namakhondomu.



*Men during the Isibaya Samadoda activation in Tholakele community hall.*



*Mr. Loius Nkwanyana chairperson for Operation Sukuma Sakhe eDumbe Local Task Team was also present during the social ills march and Samadoda activation.*



*Beneficiaries of the MMC camp. At least 40 boys where circumcised during the Friday 14th July 2017 MMC camp at eDumbe CHC.*



*Mr Sifiso Xulu, Communications manager for Zululand Health District Office seen engaging with traditional local leadership of Tholakele area Inkosi Dlamini and Induna.*




*Local gospel artist pose for a picture before the social ills march in Tholakele, eDumbe Municipality.*



*Program managers for Zululand Health District Mrs. Pride Mseleku hugged by Dr. Ndlovu CEO for eDumbe CHC with Mrs. BNC Mbatha.*




*March against social ills led by HRH Prince Nhlanganiso Zulu.*

human immunodeficiency virus –isandulelangculazi

**Ikhishwe nguMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali: EzeMpilo Zesifunda saseZululand**

Ukuthola eminye iminingwane, uyacelwa ukuba uxhumane noMnu. Sifiso Xulu kule nombolo ethi: 072 913 6662